Isifundo 2

**Okthoba 3–9*

Umndeni

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda:
Gen. 3:1–15, 2 Cor. 4:6, Luke 1:26–38, Matt. 1:18–24, Eph. 4:15, 1 John 3:18, Deuteronomy 6.

Indimana Yekhanda:
"Ndodana yami, yizwa ukulaya kukayihlo, ungawushiyi umthetho kanyoko" (Proverbs 1:8, NKJV).

Njengesintu, siyafunda ngaso sonke isikhathi. Empeleni, impilo ngokwayo iyisikole. "Kusukela ezikhathini zokuqala abathembekile KwaIsrayeli babecophelele kakhulu emfundweni yentsha. INkosi yayikhombe ukuthi kusukela ebuncaneni abantwana kumele bafundiswe ngokulunga Kwayo kanye nobukhulu Bayo, ikakhulu njengoba kwembulwe emthethweni Wayo, futhi kwabonakala emlandweni kaIsrayeli. Amaculo kanye nokukhuleka kanye nezifundo zeZibhalo Kwakumele kulungiselelwe umqondo osavuleka. Obaba kanye nomama Kwakumele baqeqeshe izingane zabo ngokuthi umthetho kaNkulunkulu ubonisa Isimilo Sakhe, nokuthi lapho bamukela izimiso zomthetho ezinhliziyweni, umfanekiso kaNkulunkulu wawudwetshwa emqondweni nasemphefumulweni. Ukufundisa okuningi kwakungokukhuluma; kepha intsha yayifunda futhi Ukufunda izibhalo zesiHeberu; imiqulu yeTestamente Elidala yayivulelekile ukuba bayifunde."—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 69.

Emlandweni omningi wesintu, imfundo yenzeke kakhulu ekhaya, ikakhulu eminyakeni yokuqala. Lithini iBhayibheli mayelana nemfundo emndenini, futhi yisiphi isimiso esingazithathela sona kulo, nakuba isimo somndeni wethu sinjani na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, October 10.*

Umndeni Wokuqala

Asinikezwanga imininingwane eminingi, empeleni ayikho emakhasini okuqala ezibhalo mayelana nohlobo lwemfundo yomndeni eyayenzeka ezinsukwini zokuqala zomlando wesintu, nakuba singaqiniseka ukuthi kwakwenzeka emndenini lokhu kufunda nokufundisa. “Uhlelo lwemfundo olwasungulwa eEdeni lwalugxile emndenini. UAdamu waye ‘yindodana kaNkulunkulu’ (Luka 3:38), futhi kwakukuBaba wabo lapho izingane zazithola ukuqeqeshwa okuphakeme kunakho konke. Okwabo, eqinisweni elimsulwa, kwakuyisikole sasekhaya.”—Ellen G. White, *Education,* p. 33. Futhi nakuba singazi ngokuqinisekilyo ukuthi kwakufundiswani, singaqiniseka ngokuthi kwakumayelana nezimangaliso zendalo futhi ngemuva kwesono, kwaba ngecebo losindiso.

Izindimana ezilandelayo zifundisani, futhi kungani ngokuqinisekile lokhu kwakungaba yingxenye yemfundo uAdamu noEva abayidlulisela kubantwana babo na? Genesis 1–2, Gen. 3:1–15, 2 Kor. 4:6, Luka 10:27, Gal. 3:11, Samb. 22:12.

_____

_____

_____

“Uhlelo lwemfundo olwasekwa ekuqaleni komhlaba lwaluyisibonelo kubantu ingunaphakade. Njengesibonelo sezimiso zaso isikole esiyisibonelo sasungulwa eEdeni, ikhaya labazali bethu bokuqala.”—Ellen G. White, *Education*, p. 20.

Imfundo yobuKristu ingukuzinikela ekufundiseni imindeni kanye namalungu izimfundiso, ukukhonza, ukuqeqesha, ubudlelwane, ezovangelo, kanye nokuzinikela. Ikhaya yilapho osebenza khona kumalungu omndeni mayelana nothando nezithembiso zikaNkulunkulu. Yilapho uJesu ethulwa khona ezinganeni njengeNkosi noMsindisi kanye nomngani, nalapho iBhayibheli liphakamiswa njengeZwi likaNkulunkulu. Umndeni yilapho ubonisa khona ukuthi ubudlelwane obuphilayo noBaba wethu osezulwini bunjani.

KuGenesisi 4:1-4, sithola uKhayini noAbela beletha iminikelo yabo kuNkulunkulu. Singahlawumbisela ngokuqinisekile ukuthi babefundile ngokubaluleka kanye nencazelo yeminikelo njengengxenye yemfundo yabo ekhaya mayelana necebo losindiso. Nembala, njengoba indaba iveza, imfundo enhle ayiholeli ngasosonke isikhathi emphumeleni olindelekile.

Nakuba sinjani isimo sakho sasekhaya, yikuphi ukukhetha ongakwenza ukuze libe yindawo lapho iqiniso elifundiswa khona neliphilwa khona na?

UJesu Esengumntwana

Izibhalo zisinikeza imininingwane emincinane ngobuntwana bukaJesu. Okuningi kuleyominyaka kufihlakele. Nokho, sinikezwa ukhasha esimilweni sabazali Bakhe basemhlabeni, uMariya noJosefa, futhi esikufunda ngabo kungasiza ekusichazeleni ngokuthile ngobuntwana Bakhe kanye nangemfundo Yakhe yokuqala.

Lezizindimana zisifundisani ngoMariya nangoJosefa futhi zingasinika kanjani ukhasha ngendlela uJesu okungaba wayefundiswe ngayo ngabazali Bakhe na?

Luka 1:26–38

Luka 1:46–55

Mat. 1:18–24

Ngalezizindimana siyabona ukuthi bobabili uMariya noJosefa babengamaJuda athembekileyo, befuna ukuphila ngokulalela imithetho kanye nemiyalelo kaNkulunkulu. Futhi nembala, lapho iNkosi ibatshela ngalokho okwakuzokwenzeka, ngokwethembeka benza konke ababekutsheliwe.

“Umntwana uJesu akazange athole uqeqesho ezikoleni zamasinagoge. Umama Wakhe waba nguthisha Wakhe wokuqala wesintu. Ezindebeni zakhe kanye nakwimiqulu yabaprofethi, wafunda ngezinto zasezulwini. Wona lawomazwi ayekhulunywe nguYena kuMose ngoIsrayeli wayesewafundiswa manje ezinyaweni zikanina. Lapho ekhula eba yintsha, akazange afune izikole zorabi. Wayengadingi imfundo ezuzwa kulemithombo; ngokuba uNkulunkulu wayenguMqeqeshi Wakhe.”—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 70.

Ngokungangabazi babengothisha abalungileyo nabathembekileyo enganeni, kepha njengoba indaba kuLuka 2:41-50 yembula, kuningi ngeNdodana yabo ababengakuqondi, ngoba uJesu wayenolwazi kanye nokuhlakanipha okwakwedluliselwe kuYena nguJehovah kuphela.

Funda futhi isicaphuno sika-Ellen G. White ngenhla. Sikuqonda kanjani lokho akubhale lapha ngendlela uJesu afunda ezinyaweni zikanina amazwi Yena uqobo ayewakhulumile na? Lokhu kusithelani mayelana nothando olumangalisayo lukaNkulunkulu na? Kumele thina, zidalwa eziwile futhi eziyizoni, siphendule kanjani na?

Ukuxhumana

Ngendlela ephathekayo, imfundo kunoma yiliphi izinga ingukuxhumana. Uthisha nguyena onolwazi, inhlakanipho, amaqiniso, nanoma yini, yokudlulisela kumfundi. Othile ogcwele ulwazi kumele akwazi ukuludlulisela kwabanye; Kungenjalo, kulunge ngani konke akwaziyo, okungenani mayelana nokufundisa na? Kwelinye izinga, nokho, amakhono amahle okufundisa akuwonje ukukwazi ukuxhumane nje kuphela. Okusemqoka futhi kulo lonke uhlelo ngukwakha ubudlelwane. "Uthisha weqiniso angadlulisela kubafundi bakhe izipho ezimbalwa eziyigugu kakhulu zobudlelwane bakhe. Kuyiqiniso ngamadoda nabesifazane, futhi kubaluleke kakhulu entsheni nakubantwana, ukuthi lapho sihlangana ngokuzwelana singa baqonda bona; futhi siyadinga ukuqonda ukuze sizuze ngofaneleyo."—Ellen G. White, *Education,* p. 212.

Ngamanye amazwi, ukufundisa okulungileyo kusebenza ezingeni lezemizwa kanye nelomuntu uqobo. Emndenini njengesikole, lokhu kusemqoka kakhulu. Ubudlelwane obuhle kumele bakhiwe phakathi komfundi kanye nothisha. Ubudlelwane busungulwa futhi bukhuliswe ngokuxhumana. Lapho amaKristu engaxhumani noNkulunkulu, njengokufunda Ibhayibheli noma ekukhulekeni, ubudlelwane bawo noNkulunkulu buyadodobala. Imindeni idinga ukuholwa okungcwele uma kumele ikhule emuseni nasolwazini lukaKristu.

Funda izahluko ezilandelayo. Yini esingayifunda kuzo mayelana nokwakha ubudlelwane obuqinile emakhaya (noma nanoma yiluphi uhlobo lobudlelwane) na? Hub. 37:7–9; Zaga. 10:31, 32; Zaga. 27:17; Efes. 4:15; 1 Johane 3:18; Titu 3:1, 2; Jakobe 4:11.

Ukuthatha isikhathi sokutshala imbewu efanele yokuxhumana akuyikulungiselela nje Umndeni ukuba nobudlelwane noKristu, kepha kuyisiza ekuthuthukiseni ubudlelwane phakathi komndeni. Kuyovula imigudu yokuxhumana oyothokoza ngokuthi wayidala lapho abantwana sebekhulile futhi sebebadala. Futhi nakuba ungenabo abantwana, izimiso zitholakala kulezizindimana zingasebenza kuzozonke izinhlobo zobudlelwane.

Cabanga, futhi, mayelana nesizathu sokuthi akukona nje esikushoyo okubaluleke kakhulu, kepha yindlela esikusho ngayo. Yini oyifundile ezimweni lapho indlela osho ngayo okuthile yona isisindo salokho owawukusho, nakuba lokho owawukusho kwakuyiqiniso na?

Indima Yabazali

“Nani boyise, ningabathukuthelisi abantwana benu, kodwa nibondle ngokuyala nangokuqondisa kweNkosi” (Efes. 6:4).

“Ngubani ongathola umfazi okhutheleyo na? Ngokuba inani lakhe lidlula kakhulu amarubi” (Zaga. 31:10, NKJV). Abazali banomthwalo owesabekayo. Ubaba yinhloko yomndeni, futhi Umndeni uyisisekelo seBandla, sesikole, nesomphakathi. Uma ubaba ebuthakathaka, engakhathali, futhi engenzi ngokufaneleyo, Umndeni, ibandla, isikole, kanye nomphakathi kuyohlushwa yimiphumela. Obaba kumele bafune ukukhangisa isithelo sikaMoya—“uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ububele, ubuvi, ukukhuleka, ubumnene, ukuzithiba” (Gal. 5:22, 23). Omama, nabo, mhlawumbe banomsebenzi obaluleke kunayo yonke emphakathini. Banethonya elikhulu ekubumbeni izimilo zabantwana babo kanye nasekusunguleni isimo sasekhaya. Obaba kumele benze konke abanako ukusebenzisana nomama ekufundiseni izingane zabo.

Yini obaba nomama abangayifunda kulezizahluko na? Eph. 5:22, 23, 25, 26; 1 Cor. 11:3; 2 Cor. 6:14; Rom. 13:13, 14; 2 Pet. 1:5–7; Phil. 4:8.

Abazali bamaKristu banomthwalo wokuhlinzeka isibonelo sebhayibheli sikaKristu kanye nebandla ngokuziphatha kwabo. Ubudlelwane babo bomshado buyisibonelo sobudlelwane bukaKristu nebandla. Lapho Abazali benqaba ukuhola, noma behola ngesankahlu, ngalokho badweba umfanekiso wamanga kaKristu kubantwana babo kanye nakwizwe. UNkulunkulu uyaleza bonke Abazali bamaKristu kuba bafundise ngokukhuthala izingane zabo (buka uDut. 6:7). Abazali banomthwalo wokufundisa izingane zabo ukuthanda uJehovah ngenhliziyo yazo yonke. Kumele bafundise ngokumesaba uJehovah, uthando oluphelele lokuzinikela kuYena.

Ku Duteronomi 6:7, abantwana bakwaIsrayeli babenikezwe imiyalelo eqondile mayelana nokufundiswa kwezingane zabo ngokuphathelene nezinto ezinkulu uJehovah ayezenzele abantu Bakhe. Nakuba inkulu kangakanani indaba abadala okwakumele bayixoxela abantwana babo, thina, esiphila ngemuva kwesiphambano sikaKristu, sinengcono kakhulu, akunjalo na? Ngalokho, ukuphulukisa noma ukuqeqesha okumele sikunikeze yinto equbekayo esithela kuyo iqiniso likaNkulunkulu kubantwana bethu futhi sibalungiselele ubudlelwane babo noKristu. Ekugcineni, nokho, sonke sinikezwe isipho esikhethekile sokuzikhethela. Ekugcineni, lapho sebebadala, abantwana bethu kumele baziphendulele phambi kukaNkulunkulu.

Hleze Nikhohlwe

Ngaphambi kokuba abantwana bakwaIsrayeli bangene Ezweni leSithembiso, uMose wakhuluma kubo futhi, ebuyekeza izindlela ezimangalisayo uJehovah ayebahole ngazo, futhi wabaxwayisa ngokuphindiwe ukuba bangakhohlwa yilokho uJehovah ayebenzele kona. Ngezindlela eziningi uDuteronomi ngamazwi okugcina kaMose. Futhi nakuba elotshwe izinkulungwane zeminyaka edlule, esimweni esehluke kakhulu kunaleso esibhekene naso namuhla, izimiso lapho ziyangena nakithina.

Funda uDuteronomi 6. Yini esingayifunda kulesisahluko mayelana nezimiso zemifundo yobuKristu na? Yini okumele ibe ngumongo walokho esikufundisayo, hhayi nje kubantwana bethu kepha kuwo wonke umuntu ongazi ngalokho esikwaziyo ngoNkulunkulu nangezenzo Zakhe ezinkulu zosindiso na? Zixwayiso zini ezitholakala kulezizindimana na?

Okwakungumongo omkhulu kukho konke ababekufundisa izingane zabo kwakungukusebenza okumangalisayo kukaNkulunkulu phakathi kwabo. Futhi, isixwayo sokungakhohlwa yilokho uNkulunkulu ayebenzele kona sasisobala kakhulu. Nembala, uma Abazali bedlala indima yokuqala enkulu yokuhlanganisa izimfundiso zebhayibheli ezimpilweni zabantwana babo, ngaloko nabo banomthwalo wokuhlela nokulungisa izimpilo zabo ngendlela yokuthi babenolwazi olwanele kanye nesikhathi sokuchitha nabantwana babo.

"Uthisha wokuqala womntwana ngumama. Ngesikhathi sokwamukela kakhulu kanye nesokuthuthuka ngokushesha imfundo yomntwana isezandleni zakhe."—Ellen G. White, *Education*, p. 275. Lesi yisikhathi esisemqoka lapho Abazali befundisa abantwana babo ngothando kanye nezithembiso zikaNkulunkulu. Ukuhlela isikhathi esithile esivamile sokufundisa abantwana ngobuhlakani nangezithembiso zikaNkulunkulu ngokwabo kuyoba nomthelela emndenini wakho ezizukulwaneni ezilandelayo.

Funda lendimana: "Uyakubafundisa impela wona abantwana bakho, uwakhulume lapho uhlezi endlini yakho, nalapho uhamba endleleni, nalapho ulala, nalapho uvuka" (Deut. 6:7, NKJV). Kuthini lapha, futhi yini okumele kusitshele yona ngokubasemqoka kokugcina iqiniso likaJehovah hhayi nje kuphela phambi kwabantwana bethu kepha naphambi kwethu, futhi na?

Ukucabanga Kabanzi:

Funda u-Ellen G. White, "Preparation," pp. 275–282 in Education; "Cooperation," pp. 283–286 in Education; "Discipline," pp. 287–297 in *Education*. "Phezu kobaba nakomama kuhlezi Umthwalo wokuqeqeqshwa kwengana kokuqala kanye nokwakamuva, futhi kubo bobabili Abazali ubizo lokulungiselela ngokuqikelela nangokuphelele luyaphuthuma. Ngaphambi kokuba bazithwese Umthwalo wobuzali, amadoda nabesifazane kumele bazane nemithetho yokuthuthuka komzimba . . .; kumele futhi baqonde imithetho yokuthuthuka kwengqondo kanye nokuqeqeshwa kwesimilo."—Ellen G. White, *Education*, p. 276.

"Umsebenzi wokubambisana kumele uqale ngobaba nomama, ekhaya. Ekuqeqesheni izingane zabe banomthwalo ohlangene, futhi kumele kube ngukuzama kwabo njalo ukuba basebenzisane. Mabazinikele bona kuNkulunkulu, befune usizo kuYena ukuba baphasane. . . . Abazali abanikeza loluqeqesho akubona abangatholakala sebegxeka uthisha. Banomuzwa wokuthi ukuthatheka kwezingane zabo kanye nokulunga kwesikole kuyakudinga lokho, kangangokuba kungenzeka, balonda futhi bahloniphe lowo owabelana nabo ngomthwalo wabo."—Ellen G. White, *Education*, p. 283.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Noma ngabe sinabo abantwana noma cha, kukhona lapho sihlala khona, futhi sonke sixhumane nabanye. Yini oyifundile kulesisifundo saleliviki engakusiza ekuxhumaneni noma nasekuvangeleni abanye, noma kuyilapho uhlala khona noma kwenye indawo na?

2. Sinomkhuba wokubuka imfundo njengento enhle. (futhi ke, Ngubani ongamelana nemfundo na?) Kodwa ngabe kunjalo ngasosonke isikhathi na? Kungaba Yiziphi izibonelo lapho imfundo ithe yaphendulwa yaba yinto embi na? Yini esingayifunda kulezozibonelo Ezimbi engasisiza ukuba sense imfundo into enhle na?

3. Njengoba kubaluliwe esifundweni sangolweSithathu, sonke sinikezwe isipho esikhethekileyo sokuzikhethela. Kungekudala, lapho abantwana beba ngabantu abadala, kuzomele bathathe ezabo izinqumo mayelana noNkulunkulu abafundiswe ngaye besebancane. Kungani abazali—futhi nanoma ngubani, empeleni—ofuna ukuvangela kwabanye kanye nokufundisa abanye ngevangeli kumele akhumbule njalo leliqiniso elibucayo lokuzikhethela na?